IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Iminyaka
Eyamashumi
Amane



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Janie Forest
Ifanekiswe ngu: Lyn Doerksen
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2016 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



Ngenkathi uNkulunkulu ekhulula ama-Israyeli eGibhithe, uMose wahola abantu enkonzweni. Wenza iculo lokudumisa. "Ngizakuhlabelela kuJehova, ngokuba uphakeme kakhulu."

UMose wahlabelela ngazozonke izimanga ezenziwa uNkulunkulu enzela ama-Israyeli.

HALELUYA!

UDUMO KUNKULUNKULU!



Emva kwezinsuku ezintathu ehlane ebantu abanxaniwe bathola isiphethu samanzi. Kodwa abakwazanga ukuwaphuza amanzi ababayo. Eskhundleni sokuthandaza, abantu bakhononda.
UNkulunkulu waye nomusa. Wenza amanzi ukuba aphuzeke.



Sengathi abantu babekhononda ngayoyonke into. "Sasinokudla eGibhithe. Ehlane sizobulawa indlala," besho bekhalaza. Ngalobobusuku uNkulunkulu wathumela izinyoni ekuthiwa izigwaca. Abantu bakwazi ukuzibamba kalula.

Ekuseni okulandelayo uNkulunkulu wathumela imana. Kwakuyinhlobo yesinkwa esinambithekisa koju. Njalo ekuseni kwakugcwele imana elindelwe ukuqoqwa.



UNkulunkulu wondla abantu Bakhe ngalendlela ehlane.

Kwakumele bethembe uNkulunkulu zonke izinsuku ukuba Abanike ukudla. Kodwa abanye abantu babutha imana eyeqile, yize uNkulunkulu wayethe izobe isibolile ngakusasa.



Nangempela, imana yayizolo yayisigcwele izimpethu – ngaphandle kweSabatha. Ngalolosuku elikhethekile lwesikhombisa abantu baphumula badla imana yayizolo.



UNkulunkulu wawanakekela ama-Israyeli ehlane. Wabanika ukudla kanye namanzi – futhi wabavikela ezitheni.

Ngenkathi ama-AMaleki ehlasela, i-Israyeli yayihlezi inqoba uma uMose uphakamisa induku kaNkulunkulu.



UNkulunkulu wathi kuma-Israyeli, “Uma nithobela izwi lami nizoba abantu Bami abakhethiwe.” “Konke okushiwo uNkulunkulu, sizokwenza,” abantu betshela uMose. Bafika ekuqaleni kwentaba yaseSinayi balinda uMose ngenkathi eyokhuluma noNkulunkulu.



UMose waye kanye noNkulunkulu entabeni izinsuku eziyamashumi amane. UNkulunkulu wabhala Imiyalo Yeshumi ecezwini lamatshe. Watshela uMose ukuba ufisa abantu Bakhe bephile kanjani.

1. “Ungabi nabanye oNkulunkulu ngaphandle kwami.”

2. “Ungazezeli izithombe ezibaziweyo. Ungazikhothameli futhi ungazikhonzi.”

3. “Ungaliphathi ngeze igama likaJehova.”

4. “Khumbula usuku lweSabatha, ulungcwelise.”

5. “Hlonipha uyihlo nonyoko.”

6. “Ungabulali.”

7. “Ungaphingi.”

8. “Ungebi.”

9. “Ungafakazi amanga.”

10. “Ungafisi indlu yomakhelwane wakho.”



Ngenkathi uMose enoNkulunkulu entabeni yaseSinayi ama-Israyeli enza into embi kabi. Bayala u-Aroni ukube akhe umfanekiso wegolide oyinkonyane – bawukhonza esikhundleni sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wayethukuthele kabi. Kanye noMose.

Ngenkathi uMose
ebona inkonyane
nabantu belidansela,
washaya phansi
amacezu amatshe
aphuka.
Ngokuthukuthela
uMose wabulala
umfanekiso wegolide.
Wabulala nalaba
ababewukhonza.

Esikhundleni samatshe uNkulunkulu wayala uMose ukuba akhe iTabernakele – itende elibiyelwe ngocingo olukhulu – lapho uNkulunkulu wayezakuhlala nabantu Bakhe. Kwakumele bekhonze uNkulunkulu khona. Insika yamafu kanye nomlilo Kwakuwuphawu lokuthi uNkulunkulu unabo.

Ngenkathi besondela ezweni laseKhanani, uMose wathumela izinhloli eziyishumi nambili ukuba ziyoqalaza umhlaba owawuthembiswe uNkulunkulu kubantu Bakhe.

Zonke izinhloli zavumelana ukuba konke kwakukuhle! Kodwa ezimbili kuphela ezazikholwa ukuthi babezobanqoba abantu bakhona ngosizo likaNkulunkulu.

Lezi ezinye izinhloli eziyishumi zazilisaba idolobha elalinamandla kanye nesizwe esasinabantu abakhulu.
"Angeke siwuthathe lomhlaba,"

besho bekhononda.
Babesebekhohliwe zonke lezizimanga ezenziwa uNkulunkulu ukubakhulula eGibhithe.



Abantu balandela izinhloli eziyishumi ezazingakholwa. Bakhala abantu balungisela ukubuyela eGibhithe. Bazama nokubulala uMose!



UNkulunkulu wasindisa impilo kaMose. Bese watshela abantu ukuthi, "Eminyaka eyamashumi amane nizakuntanta ehlane. UKalebi, uJoshuwa kanye nabantwana benu abayophila bangene kulesizwe nina enisixwayayo."

Iminyaka Eyamashumi Amane

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Eksodusi 15, kuya kuNumeri 14

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16